

01 January 2012

Ebandleni Lonke
Nakubaphathi bebandla

Ngokukhethelwa iNkosi nangokwabelwa isandla sayo, kuyisibusiso kangakanani ukunithumela lomyalezo wezilokotho ezinhle kanye nesikhumbuzo sezethembiso zakhe esizilangazelele kulonyaka omusha.

Ngamukeleni uma ngidlulisa uMoya wokuthula nezibusiso, kanye nempepho yothando ngesandla seNgilosi ephakathi kwenu – halala onyakeni omusha. Engathi amehlo enu angafakazisa ubukhulu bakhe, nobuqiniso bukaMoya ngemimangaliso uSomandla azoyenza kulonyaka.

Sezidlulile izinsuku zokugubha namaholide, nokho ngiyathemba ukuthi ubumnandi busagcwele emiphefumleni yenu nokuthi futhi nisaphumule kahle emakhaya. Ngikhulekela ukuphepha kulabo abalungiselela ukubuyela emisebenzini kanye nasezikoleni ngezindlela zokuhamba.

Ngizizwa nginomdlandla omkhulu njengoba siqala lonyaka. Kuningi okusilindele ezinyangeni ezizayo, futhi maningi amathuba azoqhamukela abazalwane enqubekela phambili kanye nokukhululeka alokhu ethembisa ngakho uMoya phakathi kwethu. Izinkonzo zokuphetha konyaka ka2011, nengihambe ngazo phakathi kwamabandla cishe onke, ziqukethe iziprofetho ezinohlonze ngalokho uNkulunkulu akulungiselele ibandla lakhe lonke.

Lona ngunyaka oyigugu kithina njengebandla likaMoya oYingcwele – *a year to treasure*. Unyaka owathenjiswa iNgelosi uRaphael, ngolwimi lukaMqalisi ngamhla ethi “*Iyokhula njengomntwana*.” Kungifikele ukuthi mangithi lonyaka owokwemulisa lomntwana, simkhomba ubuntombi bakhe.

Ngingathi ke kinina nonke, lindelani okungalindelekile – *expect the unexpected*. *Usho uJehova wamabandla.*

Kulonyaka, siqholisa iNkonzo njengoba sigubha iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nanhlano - 95.

Ngaphambi kokuthi ngenabe kulokhu, ngifisa ukudlulisa lezizinhlelo ezilandelayo, engethemba ukuthi abagcotshwa sebeqalile ukukhuluma nani ngazo:

- ❖ **Inkonzo yoVumo loVumo:** mhlaka 14, no 21, kanye no 28 January
- ❖ **Inkonzo yokuzila (21 days):** ukusukela kumhlaka 4 ukuya kumhlaka 24 February
- ❖ **Ubuyo lwabaGcotshwa:** mhlaka 11 no 12 February
- ❖ **Umhlangano wokubonga uMoya:** ukusukela kumhlaka 26 February ukuya kumhlaka 4 March

Selizethulile izinhlelo zomhlangano ithimba elilungiselela lombuthano, laphinda lanazisa futhi izidingo zonke zokuba ube impumelelo. Angingabazi ukuthi umhlangano ka2012 uyoba nedumela futhi uyophakamisa igama likaJehova ngendlela edlulele. Abanye bakhumbuzisa ngamazwi engiwakhulume eminyakeni emibili edlule mayelana nomhlangano ka2012 – kukhona nendumalo ethile. Ngiyaphinda futhi: lindelani okungalindelekile, expect the unexpected.



CHURCH OF THE HOLY GHOST

OFFICE OF THE ARCHBISHOP

Kungumsebenzi wethu ukuzimisela nokuzihlela uma silungisela ukuyohlangana noMbusi wababusi bonke. Akunjengoba sisuka siya emicimbini yonke, lapho kwanela khona ukumbatha izingubo ezintsha nezinhle nje kuphela. Kunalokho, ekuhlanganeni noJehova – inhliziyi kumele ibe yintsha, nengqondo futhi ibe yintsha.

Lokhu sikuzuzisa ngokuziphisa isikhathi sokubuyekeza ubuthakathaka bethu, esifisa ukuthi asiphe amandla okuqina kukho, sibuyisa futhi sivume ubuwula bethu ngamaphutha esiwenzayo nsukuzonke. Lokhu akusho ukuthi sibuyela ezintweni ezindala, kodwa kuwuphawu lokubhekana nezinto ezisihlalisa enyameni futhi ezehlisa amandla ethu emoyeni. Kuyithuba lokucela ukwelulekwa kanye nokukhuleka okunzulu ezintweni esesinesikhathi sinamathele kuzo – nokuyizo ezisibekela ukwahlulelwa ebusweni bukaNkulunkulu.

Alikho elinye ibandla engilaziyo, noma inkolo, ezipha isikhathi esingaka ukuzilela izinto ezihlukanisa amakholwa nobungcwele – futhi ayikho indlela edlula le yokuqala unyaka omusha. Ibandla likaMoya oYingcwele lihluke ngalesisipho.

Kulonyaka, ngifisa ukunikela usuku lukamhlaka 1 February, emva kovumo lonke, njengosuku lokukhulekela izono ezinamathele egazini (Addictions), lezo abaningi abahlulekayo ukuphuma kuzo. Siyazi sonke ukuthi kunezenzo kanye nemikhuba evame ukubambelela kubantu, okuthi noma bezimisele kanganani ukwehlukana nayo – futhi bebubona ubungozi bayo empilweni yabo – kodwa behluleke ukuphuma kuyo. Imizi eminingi kanye nokuphila kwabaningi ihlakazwe ilezizenzo nemikhuba okuhlanganisa *utshwala, izidakamiswa, ucansi, kanye nokugembula*.

Ngifisa ukuthi ibandla lihlanganyele kanye nami, ikakhulukazi imindeneni nezihlobo zalabo abangaphansi kwalezizibopho, ukukhanyisa izibani emakhaya kanye nokunxusa kuNkulunkulu onamandla okukhulula izibopho zonke. Akukho okusha kulonyaka kwabaningi ababoshiwe – yize befisa ukuqala kabusha. Ngokubanjusela, sibanika ithuba lokuqala kabusha.

Sekungunyaka wesithathu selokhu uNkulunkulu asabela ukuzila ukudla izinsuku ezingamashumi amabili nomuvo (21). Kungezinye zezinto engikholwa ukuthi ababambelele ezintweni zikaMoya bayazilangazelela njengengxenywe yokuqala unyaka.

Uma sibuyekeza izibopho nezinto esinamathele kuzo – bangaki abake bazibuze ukuthi banamathele kangakanani ekudleni, noma ekukhulumeni, noma kumabonakude (TV)? Kulezinsuku zokuzila nokukhuleka, lezi ngezinye zezinto okubhekeke ukuthi ibandla lizinciphise, kunalokho landise isikhathi sokukhuleka nokufunda izwi likaNkulunkulu.

Ngiyazi ukuthi abanye babe nesikhathi esinzima ukuqeda zonke izinsuku zokuzila onyakeni ophelile. Lokhu kwenziwa ubuthakathaka boMoya wokulwa nenyama nokuyiwo onikeza umuntu amandla okumelana nesisindo sokuzila, ikakhulukazi kulabo abangavamile ukuziphisa ithuba lokuzila ngezinye izikhathi ezingamisiwe.

Ngifisa ukunigqugquzela, kusenesikhathi, ukuqala ngokuzilungiselela nokuzejwayeza ngokunciphisa izidlo kulenyanga kanye nokwandisa ukudla okulula (e.g. fresh vegetables and fruits) kanye nokuphuza amanzi ngokwanele. Lokhu kuyokwelekelela umzimba ukuthi ujwayele ukwaneliswa incosana futhi ebese uqala ukuzihlanza (detox), okuyovikela izifo nokuphela amandla ngesikhathi sokuzila.

Amabhukwana afundisa ngendlela yokulungiselela ukuzila ayatholakala eHhovisi lenkonzo ngenani elingu R12 lilinye. Lamabhukwana abizwa ngokuthi **7 Basic Steps to Fasting and Praying**, ngokubhala kuka Bill Bright, anikeza izeluleko ngezindlela zokudla (diet plan) kanye



nokulungiselela ukukhuleka ngesikhathi sokuzila. Lamabhukwana ayatholakala futhi ezitolo ezidayisa izincwadi zamaKrestu (Christian Bookshops).

Sinezinhlelo eziningi zokuthuthukisa iNkonzo kanye futhi nokuqinisa abazalwane ekukholweni kwazise silangazelele ukubona abaningi bekhula futhi bedlala indima ebanzi emisebenzini eyahlukene yebandla. Sifisa ukwakha amathuba okuthi iningi labazalwane libe negalelo ebandleni njengoba kuyiyona ndlela yokuzinikela ngokugcwele.

Uma kukhona abanesifiso sokubamba iqhaza emisebenzini yeNkonzo kulonyaka, nanoma komuphi umkhakha, ngiyanimema ukuba nazise abaGcotshwa okanye amalungu amakomidi ahlukahlukene ukuze namukeleke ukusebenza ngokukhululeka. Kusemqoka ukuthi imisebenzi yonke eyenziwayo, noma eyevangeli, noma eyaluhlobo luni, yazeke ebandleni nakubaphathi ukuze ithole ukusekelwa okufanele futhi kugcineke ubumbano nokubambisana ebandleni lonke.

Ngilangazelele ukubonana nani futhi nokubuthana nani ngomhlangano omkhulu wokubonga uMoya. Ayikho enye indawo yokunyusela indumiso ephakeme ukudlula umhlangano waminyaka yonke, nengethemba ukuthi niyophumelela ngobuningi benu ukuzodumisa phambi kukaJehova wamabandla.

Nginifisela impilo enhle negcwele ukuthokoza. Nginicelela inhlalakahle emizini yenu nasemakhaya. Ngikhulekela ukwandiswa nokusekelwa kwezinto zonke ezingamagugu enu.

Niyigugu kimina. Ni lutshumo kha nne. You are a treasure to me.

Onalusayo,



UMongameli PG Nzuza
Mangataza House



CHURCH OF THE HOLY GHOST

OFFICE OF THE ARCHBISHOP